

Imvuselelo - Ukusebenza KukaNkulunkulu

Nceku yeNkosi

Ingqungquthela yabefundisi yama-21 KwaSizabantu eNingizimu Afrika izokuba mhlaka **4 – 6 Mashi 2019**, ngokuvuma kweNkosi. Sikumema njengenceku kaNkulunkulu nowakwakho kanye nabanye abasemsebenzini weNkosi. Siyoqala ngoMsombuluko kusihlwa siphethe ngoLwesithathu ebusuku, ukuze nikwazi ukuba semabandleni enu ngempelasonto.

Ngengqungquthela ka-2019, sifisa ukukhuthaza izinceku zeNkosi ukuba ziqinise eZwini likaNkulunkulu phezu kwezinsalelo kanye nezimo eziphikisayo. Izimiso eziningi emiphakathini sezigudlukile, kodwa iZwi likaNkulunkulu lisenjengoba, izolo namuhla nazikhathi zonke. Lisaqondene nanaso lesi sizukulwane, futhi kalisoze ladlulelwa yisikhathi. UNkulunkulu usasebenza; imvuselelo isekhona, yikho isihloko sithi, ***“Imvuselelo – Ukusebenza KukaNkulunkulu.”*** Ileyo naleyo nceku kaNkulunkulu kumele ifunde ukuhamba noNkulunkulu ukuze umsebenzi wethu ube nesibusiso sikaNkulunkulu noma kusiphi isivini asibeke kusona.

Sesilubalubela lesosikhathi sokuvuselelana nokuhlanganyela nalabo esiyobe sinabo.

Sicela nikhululeke ukuba nimeme nabanye enisebenzisana nabo emsebenzini weNkosi. Noma bani osemsebenzini weNkosi, wamukelekile.

IZIKHULUMI:

Ezinye izikhulumi ezizokhuluma engqungqutheleni, sezishilo ukuthi zizophumelela ngokuvuma kweNkosi. Eminye imininingwane ngeNgqungquthela maqondana nezinye izikhulumi nezihloko zazo izotholakala kwi-website yethu ethi: www.ksb.org.za ngokuqhubeka kwesikhathi.

UKUBHALISA:

Siyothokoza ukusheshe sithole impendulo; kungaba ngocingo, ngesikhahlamezi

(imininingwane yokuxhumana isekugcineni kwale ncwadi), noma nge-email ethi reception@ksb.org.za. Sicela usinike uhlu lwamagama alabo abangathanda ukufika; usihlukanisele ukuthi bangaki abesilisa noma abesifazane, noma abashadile (couples).

Ungabhalisa futhi kwi-website yethu ethi: <https://www.ksb.org.za/mc2019/>

Okuya ethunjini nendawo yokulala kuyotholakala mahhala; singacela nje ukuba niphathe okokulala uma kungenzeka, ngaphandle kwalabo abazofika ngezindiza. Abafika ngezindiza esikhumulweni samabhanoyi eThekwini sizobalanda siphinde sibahambise, nalabo abavela kude ngamabhasi sizobalanda e-Durban Station siphinde sibahambise futhi. Siyocela ukuba nisinike isikhathi enidinga ukulandwa ngaso.


Kwangathi uNkulunkulu angasipha ukuthi lengqungquthela idale ukuba yileyo naleyo nceku yakhe izwe ukusebenza kwakhe empilweni yayo kanye nasemsebenzini wayo.

Sesiyolindela impendulo.

Yimina isikhonzi seNkosi

uMfu. Erlo Stegen

Umqondisi weMishini yakwaSizabantu



Tel: +27 (0) 32 481 5700
 Fax: +27 (0) 32 481 5710
 E-mail: ministersconference@ksb.org.za
 Web: www.ksb.org.za
 Private Bag 252, KwaSizabantu, 3285

KWASIZABANTU MINISTERS' CONFERENCE

PS. Uma uthanda ukuthola lezi zimemo kanye nolunye ulwazi ngomuso eposini noma kwi-e-mail, sicela usithumelele imininingwane yakho ukuze sikufake ohlwini oluthunyelelwayo.